Remarks by Mayor Zandile Gumede at Methodist Church – Durban Central on a service held at Durban City Hall, 04 February 2018

- Mphathi wohlelo,
- Baba uMfundisi,
- Amagos,
- Ama Executives emikhakha ngimikhakha,
- Omama nobaba,
- Ulusha,
- Abantwana abancane,
- Ibandla lonke likaThixo,
- Izihambeli zethu nezicukuthwane,
- All Protocol,

We would like to greet you and thank God for protecting us in the year 2018. It is with great joy to be invited to grace this wonderful and special service today here in Durban.

Kube yintando kaThixo ukusikhusela size sihlangane ngaloluhlobo ukuzodumisa ekuseni. Nombhali wencwadi yamaHubo, inkosi uDavide lapho ethi "Ngajabula lapho bethi kimi asiye endlini yeNkosi."

Ukuba sendlini yeNkosi kuvuselela ithemba futhi kusinika amandla amasha okwazi ukubhekana nezimo ezikhona ezimpilweni kunye naseZweni. Njengoba sikhethiwe njengabaholi siyanxusa ukuba ningayeki ukusikhulekela ngoba lomsebenzi udinga amandla kaThixo uMninimandla wonke.

Njengoba lonyaka kuwunyaka ka-Mandela futhi kuwunyaka wokukhuthaza ubumbana nokudala amathuba omsebenzi, sifisa kubekhona ukubambisana phakathi kwebandla, izinhlaka zomphakathi Kanye nabaholi bezwe. Ubumbane nobunye yikhona esikufisayo nesikukhulekelayo kulesisikhathi. Sithi njengamakholwa asingaphezi ukukhulekela uMongameli weZwe ubaba u-JG Zuma Kanye noMongameli weqembu elibusayo, ubabu Ramaphosa ukuze kubekhona ubunye nenhlalakahle ezweni lethu. Labaholi bobabili kumele basihole futhi basibumbe sibe isizwe esihlangene kuphele ukukwebhana. Siyafisa ukuba siphinde sikhulekele neKZN njengoba isinobuholi besikhashana. Asithi umangabe sikhuleka sithandazele namaKhansela abulawa mihla namalanga, sithi asithule isibhamu eKZN.

I would like to thank you for the opportunity and I will continue to support and work with all religious organisation in the city. We want unity and

social cohesion in the city and let us embrace one another. United we stand, divided we fall.

Siyabonga.